# Kuhamba kancane ukwakhelwa kwabezikhukhula

**KHULEKANI MASEKO**
**noSABELO NSELE**

LUYACOTHOZA uhlelo lokuhlinzeka ngezindlu abagilwa bezikhukhula zango-Ephreli abasakhoseliswe ezikhungweni zomphakathi eThekwini.

Lokhu kushiwo uSihlalo wekomiti lezokuHlaliswa KwaBantu kuMasipala waseThekwini futhi oyiPhini leMeya uMnuz Philani 'PG' Mavundla, ngesikhathi edlulisela ngokusemthethweni izindlu ezingu-25 eMlaza kwa-T, zinikezwa abakhahlanyezwa yile nhlekelele eyashiya kukhalwa esifundazweni.

UMavundla uthe yize kukhona okwenzekayo kodwa uhlelo lokwakhela abasagcinwe emahholo nakwezinye izakhiwo zezikhungo zomphakathi aluhambi ngesivinini esilindelekile.

"Asikubeke nje kuyiqiniso, asithokozile ngendlela okuhamba ngayo, akusheshi ngoba abantu abasahleli emahholo basengaphezulu kuka-4 000. Isizathu esenza lokho ukuthi sisalinde uhulumeni omkhulu. Uma esinikeza siyogijima ngesivinini, umhlaba wokuthi sakhe sesinawo sekudingeka imali," kusho uMavundla.

Uthe akucaci ukuthi yikuphi okubambile ngokukhishwa kwemali yokusheshisa lolu hlelo kodwa kulokhu kuhlehliswa.

Ngaphambi kokuthi kudluliselwe lezi zindlu emindenini eyakhahlamezeka, uMavundla uqale ngokwethula usonkontileka ozolungisa inhlukana-mgwaqo u-N2 noM4 khona eMlaza ngasenxanxatheleni yezitolo iMega City.

Ukucekeleka phansi kwale migwaqo kwadalwa ukuqhuma kwepayipi elikhulu elithutha indle, ngesikhathi kuhlasela izikhukhula.

Kusenjalo, neDA nayo ikhale ngento efanayo ngesikhathi inesithangami nabezindaba izolo.



**IPHINI leMeya kuMasipala waseThekwini, uMnuz Philani Mavundla, nethimba labasebenzi kulo masipala, kudluliselwa ngokusemthethweni izindlu ezingu-25 ezakhelwe abakhahlanyezwa izikhukhula, eMlaza izolo**
Isithombe: SITHUNYELWE

Umholi weDA KwaZulu-Natal, uMnuz Francois Rodgers, uthe kuzothatha iminyaka ukuthi abantu abakhoseliswe emahholo omphakathi bakhelwe izindlu zesikhashana.

"Ngesikhathi kuhlasela izikhukhula, kwaba nesithembiso sokuthi kuzokwakhiwa izindlu zesikhashana ezingu-4 983. Emva kwezinyanga ezintathu, sekwakhiwe ezingu-501. Izibalo zikhombisa ukuthi kuzothatha iminyaka emithathu ukuthi kwakhiwe zonke lezindlu zesikhashana ezithenjisiwe."

URodgers uthe basalinde impendulo kwiSA Human Rights Organisation njengoba besanda kuyibhalela, beyicela ukuthi iphenye ngokwephulwa kwamalungelo abantu abakhoseliswe emahholo.

ISOLEZWE
TUESDAY, 02 AUGUST 2022
PAGE 04